# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

41/2014 Intshumayelo ngesonto 07 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 03. 08. 2014

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo: 225/187

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba wethu othandekayo osezulwini, siyacela kuwe: singcwelise ngeqiniso lakho. IZwi lakho liyiqiniso. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-IzEnzo 2:41-47;

   IVangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 6:1-15.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 183/191

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku-Eksodusi 16:2-3.11-18, lithi: "Lonke ibandla labantwana bakwa-Israyeli lakhonona ngoMose nango-Aroni ehlane. Abantwana bakwa-Israyeli bathi kubo: Sengathi nga safa ngesandla sikaJehova eGibithe, lapho sasihlezi ngasemakhanzini enyama, sidla isinkwa sisutha, ngokuba nisiphumisele kulelihlane ukuyobulala lonke lelibandla ngendlala. UJehova wakhuluma kuMose, wathi: Ngizwile izinkonono zabantwana bakwa-Israyeli; khuluma kubo, uthi: Ngakusihlwa niyakudla inyama, kusasa nisuthe isinkwa, nize nazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu. Kwathi kusihlwa kwenyuka izigwaca, zasibekela ikamu; ngakusasa kwakulele amazolo ehlane nxazonke. Esenyukile amazolo akade elele khona, bheka, nakho okuthile okuncane njengenkwethu, kuncane njengongqoqwane emhlabathini. Bakubona abantwana bakwa-Israyeli, bathi omunye komunye: Yini le? Ngokuba babengazi ukuthi kuyini. UMose wathi kubo: Kuyisinkwa uJehova aninike sona ukuba nisidle. Lokhu kuyikho uJehova ayalile ngakho ukuthi: Kubutheni kube yilowo nalowo njengokudla kwakhe; anothatha iyomere ngomuntu ngokwenani labantu benu, yilowo nalowo abathathele abasetendeni lakhe. Abantwana bakwa-Israyeli benze njalo; abanye babutha okuningi, abanye okuyingcosana. Lapho sebelinganisa ngeyomere, yena

owayebuthe okuningi akabanga nokuseleyo, nowayebuthe okuyingcosana akaswelanga. Yilowo nalowo wabutha njengokudla kwakhe."  Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo bami eNkosini uJesu Kristu, eBandleni likaNkulunkulu lomhlaba wonke abantu abangenakubalwa bayasondela namuhla esiDlweni seNkosi: Thabathani, nidle. Lokhu kungumzimba isibili weNkosi yethu uJesu Kristu, onikelwe nina ekufeni. Mawuniqinise, unilondoloze ekukholweni okuqinisileyo, nilondolozelwe ukuphila okuphakade. Thabathani, niphuze. Lokhu kuligazi isibili leNkosi yethu uJesu Kristu, elithululelwe nina kube-ngukuthethelelwa kwezono. Maliniqinise, linilondoloze ekukholweni okuqinisileyo, nilondolozelwe ukuphila okuphakade. Indaba yanamuhla esisand' ukufunda kungumfanekiso, kuyisibonelo sesiDlo esingcwele seNkosi. Kanti uJesu Kristu uyasipha thina okuningi okukhulu kunalokhu okwaphiwa abantwana bakwa-Israyeli ngalesosikhathi sasendulo ehlane laseSini. Siyadla, siyaphuza ukuphila okuphakade lapha esiThebeni.

Abakwa-Israyeli baphumile eGibithe ngomusa kaNkulunkulu phambi kwamaviki amane nje kuphela. Emuva kwenyanga eyodwa nje bakhohliwe ukuthi kungubani owabakhipha ekuboshweni, etilongweni laseGibithe. Uma sifunda indaba yesizwe sabakwa-Israyeli sicishe siyafunda ngokukhala, nangokukhononda, nangokuhlubuka, nangokusola: Siswela lokhu. Siyadinga lokhuya. Sishorta lapha nalapha. Lonke ibandla labantwana bakwa-Israyeli lakhonona ngoMose nango-Aroni ehlane. Abantwana bakwa-Israyeli bathi kubo: Sengathi nga safa ngesandla sikaJehova eGibithe, lapho sasihlezi ngasemakhanzini enyama, sidla isinkwa sisutha, ngokuba nisiphumisele kulelihlane ukuyobulala lonke lelibandla ngendlala.

Sekuyisimangaliso impela. UNkulunkulu akasiphathi njengokufanele izono zethu, akasivuzi njengokwamacala ethu. Phakathi kwalokhu kukhonona uNkulunkulu uyezwa, uyabona ukuthi baswela usizo. Uyabahawukela. Uyabasiza. Uyabakhombisa inkazimulo yakhe. UJehova wakhuluma kuMose, wathi: Ngizwile izinkonono zabantwana bakwa-Israyeli; khuluma kubo, uthi: Ngakusihlwa niyakudla inyama, kusasa nisuthe isinkwa, nize nazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu. Kwathi kusihlwa kwenyuka izigwaca, zasibekela ikamu; ngakusasa kwakulele amazolo ehlane nxazonke. Esenyukile amazolo akade elele khona, bheka, nakho okuthile okuncane njengenkwethu, kuncane njengongqoqwane emhlabathini. Bakubona abantwana bakwa-Israyeli, bathi omunye komunye: Yini le? Ngokuba babengazi ukuthi kuyini. UMose wathi kubo: Kuyisinkwa uJehova aninike sona ukuba nisidle.”

Kanjalo nanamuhla. UNkulunkulu uyasihawukela phezu kokucela nokuqonda. Uyasisiza phezu kokucela nokuqonda. Uma sivula amehlo ethu sibona inkazimulo yakhe ekuhambeni kwethu. Yizwani, nibone ukuthi uNkulunkulu muhle, ubusisiwe lowomuntu ophephela kuye. Uphumisa ilanga lakhe phezu kwababi nabahle, anise imvula phezu kwabalungileyo nabangalungile. Ngokuhamba kwami konke ngibonile izimangaliso zikaNkulunkulu. Ngifundile uhlamvu lokuqala lokukholwa kwamaKristu: Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu ungidalile mina kanye nezidalwa zonke, wangipha umzimba nomphefumulo, amehlo nezindlebe nezitho zonke, ukuqonda nokuzwa konke, usakulondoloza; futhi izingubo nezicathulo, ukudla nokuphuza, indlu nekhaya, umfazi nabantwana, amasimu nezinkomo nezimpahla zonke; uyangabela imihla ngemihla konke okuswelekayo emzimbeni nasekuhambeni kwami, uyangivikela ezingozini zonke, angilinde, angilondoloze ngokuvimba konke okubi; futhi uyangenzela konke lokhu ngomusa nangobubele bobuBaba nobobuNkulunkulu kuphela, kungekho ukulunga nokufanela kwami; ngakho konke lokhu kufanele ngimbonge, ngimdumise, ngimkhonze, ngimlalele. Lokhu kuqinisile impela.

Ngiyazi, ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyangithwala, uyangilondoloza imihla ngemihla ngomusa wakhe. Njengoba wabahawukela abantu bakhe ehlane, kanjalo uyasiphelekezela ngeziphiwo zakhe. Izithembiso zakhe ziyema. IZwi lakhe lakhe likhona, liyema, likhulu kunobuthakathaka bethu. Likhulu kunezinhlupheko zethu, likhulu kunenhliziyo yethu encane. IZwi lakhe elingcwele likhulu kunokudabuka konke, likhulu kunokufa, likhulu kunesono, likhulu kunoSathane, likhulu kunakho konke okusihluphayo kulemfunda yokukhala.

Nangu uJesu Kristu, uMsindisi wethu uyasimema: Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza. nokuthi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Kwakungesiye uMose owanipha isinkwa esivela ezulwini, kodwa uBaba unipha isinkwa soqobo esivela ezulwini. Ngokuba isinkwa sikaNkulunkulu singuye owehla ezulwini, olipha izwe ukuphila. Mina ngiyisinkwa sokuphila; ozayo kimi kasoze alamba, nokholwa yimi kasoze oma. Nang' umphako endleleni yokuya ezulwini. UNkulunkulu ufuna ukuba siphile lapha emhlabeni nale kwelizayo. Uthando lwakhe luyasilondoloza umzimba nomphefumulo. Ngakho asidangali, kodwa noma kubhubha umuntu wethu wangaphandle, owangaphakathi wenziwa-musha imihla ngemihla. Malibongwe igama lakhe elingcwele. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyakubonga. Siyabonga uthando lwakho nomusa wakho omkhulu osilondolozile kuze kube namuhla. Uyasipha njalo konke okuhle, konke esikuswelayo nesikudingayo. Sibusise nalezizipho esizamukela imihla ngemihla ngobubele bakho, ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 208/312

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-K. G. Tiedemann

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.